

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA,
UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI
KWAZULU-NATAL UMNUZ. BHEKI NTULI (MPL)
EMCIMBINI WOKWETHULA NGOKOMTHETHO UHLELO
LWAMABHULOHO E-PORT SHEPSTONE, 28 KU-LWEZI
2020**

- Mphathi wohlelo;
- UMeya wesiFunda Ugu: uKhansela uNgcobo;
- UMeya woMkhandlu iRay Nkonyeni: uKhansela uMqwebu;
- Omele ubuKhosi baKwaXolo Traditional Council: iNkosi uXolo;
- AmaKhosi aseNdlunkulu akhona;
- Amakhansela wonke akhona;
- Ubuholi bezepolitiki obukhona;
- Omele uMbutho weZokuvikela (SANDF): uMajor Lediga;
- Omele uMnyango weMisebenzi yoMphakathi (Public Works): uMnuz. Zulu;
- Izinhlaka esisebenzisana nazo njengohulumeni;
- Amalungu omphakathi akhona lapha;
- Abezindaba; **Nginyanibingelela nonke.**

Ngisukuma nokubonga ukuthi namhlanje egameni loMnyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natal wonke sithole leli thuba lokuhlangana nomphakathi noma izinhlaka ezimele umphakathi walapha kwisiFunda saseRay Nkonyeni sizokhuluma ngentuthuko nokulethwa kwengqalasizinda ezosiza ukuthuthukisa izimpilo zabantu bakithi.

Namhlanje size ngohlelo lwamabhuloho ikakhulu ezinyawo oluqale ukuhlanganiswa ngokubambisana eminyakeni edlule phakathi kweminyango kaHulumeni, owezokuThutha, owoMbutho wezokuVikela noweMisebenzi yoMphakathi.

Lokhu kwakulandela inselelo esibhekene nayo ngengoMnyango wezokuThutha obhekele ukwakhiwa kwengqalasizinda yomgwaqo namabhuloho lapha esiFundazweni.

Mhlambe kuhle umuntu aqale akuveze ukuthi lapha eMnyangweni wezokuThutha siphezu komkhankaso wokuvala igebe, esithi i-backlog, ekwakheni nokugcina

isesimweni imigwaqo eminingi kanye namabhuloho esiFundazweni sonke.

Lokhu kuhambisana nokuthi siyakuqonda kahle ukuthi amabhuloho nemigwaqo yikona okuyisisekelo sokwenza ngcono impilo yabantu bakithi.

Sesibonile kule minyaka edlule impilo ishintsha emiphakathini esikwazi ukuya emisebenzini, ezikoleni, ezitolo emadolobheni, emitholampilo, ukuyongcwaba emathuneni noma bavakashela izihlobo nabangani, konke ngenxa yemigwaqo namabhuloho osekwakhiwe ezindaweni ezahlukene.

Manje okunye futhi ngukuthi ekuzameni kwethu ukuvala igebe esikhuluma ngalo, njengoMnyango sisebenza ngaphansi kwengcindezi yesabelo-mali esincane ukuthi singafeza yonke imisebenzi, sanelise yonke imiphakathi ngesikhathi esisodwa.

Nalolu bhubhane lweCOVID-19 selwenze kwanzima kakhulu njengoba sekunemali okumele ithathwe eminyangweni yonke kahulumeni ukuze kubhekwe imisebenzi eqondene nokulekelela imiphakathi ekhahlamezwe yilolu bhubhane.

Phezu kwazo lezi zinselelo, sizwa ubuhlungu ngesimo esisabhekene nezingane zethu zesikole, othisha nemiphakathi okumele iwele imifula kokunye enezingwenya uma iyofuna imfundo nezinye izinsiza zokuphila kwezinye izingxenye zesifundazwe.

Ngakho kulolu bambiswano lweminyango engikhuluma ngalo lapha, sinamabhuloho abizwa ngeBailey Bridge angu-14 esihlele ukuwakha okwamanje esifundazweni sonke. Amanye ama-project aseqalile njengoba sikhuluma nje, okuhlanganisa nakhona lapha eRay Nkonyeni.

Kulolu hlelo sisebenzisa amasosha anamakhono obunjiniyela okuyiwona ahlanganisa izinsimbi nakho konke okunye kobuchwepheshe bokwakha. Imali efakwe nguhulumeni ibalelwa ku-**R110.4 million** ukuze kwakhiwe amabhuloho angu-14.

Siyajabula futhi ukuthi yize sisebenzisa wona amasosha akithi, kodwa isivumelwano esisenzile siyakugcizelela ukuthi kumele kube namathuba emisebenzi azotholwa ngabantu bendawo.

Lokhu kuzokwenzeka uma kwakhiwa izindlela zokuhamba ngezinyawo ezixhuma kuwona amabhuloho. Abanye bazokuba yingxenye yakho ukwakhiwa kwebhuloho, konke okuzokwenzeka ngaphansi kweso leSANDF.

Nempahla yokwakha lezo zindlela kanye nokudla okudliwa ngamasosha kumele kuthengwe kosomabhizinisi bendawo.

Lapha-ke eRay Nkonyeni sinamabhuloho amane (4) azokwakhiwa emfuleni uMangwenya River endaweni yaseDumezulu ku-Ward 8. Amathathu kuzoba ngawezinyawo bese elilodwa kube ngelezimoto.

Ngala mabhuloho umphakathi usuzofinyelela kalula emtholampilo nasezikoleni. Nawo umphakathi walapha usuzozwa impilo elula njengeminye imiphakathi esithole le ngqalasizinda kule minyaka edlule kwezinye izindawo.

Amanye amabhuloho esihlela ukuwakha ayishumi akomasipala Ukhahlamba, Umsunduzi, iNdwedwe, uMthonjaneni, uMtubatuba, eThekwini naseMshwathi lapho sesiqalile khona ukwakha amathathu.

Kusithokozisile futhi ukuthi noMnyango wezeMfundo uqhamuke nohlelo lokujuba bonke abaqondisi beziFunda nothishanhloko bezikole ukuba basebenzisane nathi babike kusenesikhathi ngezindawo lapho abafundi benenkinga yokufinyelela ezikoleni ngezikhathi zezimvula.

Ngakho siyafisa nje mphakathi wakithi ukubonga ukuthi nihlale nisibekezelela ngenkathi sisazama ngokusemandleni ukuphuthumisa izinsiza ikakhulu ingqalasisinda yomgwaqo namabhuloho.

Mphathi wohlelo nomphakathi wonke, ngifisa ukugcizelela nodaba lokuphepha emgwaqeni lapha. Sekukaningi uMnyango wezokuThutha uba yingxenye yezinkonzo zomngcwabo wabantu abashonele emgwaqeni lapha oGwini nalapha eRay Nkonyeni kakhulukazi.

Siyaxusa kubantu bakithi ukuthi njengoba sesiya kuKhisimusi noNcibijane, makube kumuntu nomuntu ukuqinisekisa ukuphepha kwakhe nabanye abantu abasebenzisa umgwaqo. Uma sihamba masiqinisekise ukuthi izimoto zisesimweni futhi nomshayeli usesimweni esifanele.

Nathi njengohulumeni sizoyiqinisa imikhankaso yethu sitshale namaphoyisa ezindaweni ezivame ukuba wuhlupho, esithi ama-high accident zones noma ama-accident hot spots, kodwa ekugcineni iqiniso lithi kusezandleni zakho ukuthi uphephe wena futhi uphephise nabanye emgwaqeni.

Nasesimweni sobugebengu jikelele, siyagcizelela ukuba imiphakathi ibambisane nezinhlaka zomthetho ukunqanda ubugebengu. Inhloso yethu ngukwakha isifundazwe esiphephile kubo bonke abantu.

Ngiphetha ngokuthi uma sijabula masingakhohlwa ukuthi iCOVID-19 isekhona futhi iyabulala, ngakho imigomo yenhlanzeko nokuqhelelana nokufaka izifonyo akumele siyikhohlwe. Ngalawo mazwi masibonge ukubambisana kulo mcimbi nakukho konke esikwenzayo njengohulumeni kule ngxenye yesiFundazwe. Siyazi ukuthi kuningi osekwenziwe kodwa kuningi futhi okusadinga sikwenze.

Nginifisela amaholide amahle naphephile.

Ngiyabonga.